

Sesiphinde sagasela isomiso oThukela namaphethelo

Umkhandlu wasoThukela uchaze izindawo ezizohlaselwa isomiso sibala i-Observation Hill, Hyde Park, Umkhamba Gardens, Modelkloof, St. Chads, Steadville kanye nezinye ukuthi yizona ezizothinteka ngamanzi. Umphakathi uyacelwa ukuba usebenzise amanzi ngendlela efanele ukuze kunqandeke ukusweleka kwamanzi.



Imifula kanye namadamu ayasha ngenxa yokungani kwemvula oThukela lokhu kudala ukuba kube nesomiso. Umkhandlu wasoThukela usushaye ikhwelo kumphakathi ohlala ngaphansi kwawo ukuba kongiwe amanzi ngoba kubukeka ngathi isomiso ebesihlasele phambilini siya ngokubuya.

Umnyango wezamanzi oThukela usuphinde wanxusa umphakathi wonke owakhele loMkhandlu ukuba uphinde uzibandakanye ekulwisaneni nesomiso esibonakala sibuya ngamandla. Lokhu kuvezwa ukuthi amanzi emadanyini kanye nasemifuleni ehle ngendlela eyisimanga. Nakuba izimvula zike zaba khona ezinyangeni ezendlule kodwa azibange zibe nomthelela omkhulu ekulwisaneni nalesisimo. Kusenjalo kulindeleke ukuthi izimvula zingahle zine ngoSeptember, “Kunzima ukuthi sesibuyele esimweni lapho bekunesomiso esidla lubi, ngakho siwuMkhandlu siyacela ukuthi umphakathi wonke ubambisane nathi ekongeni amanzi ungawamoshi”. kuchaza uMnyango wezokuxhumana oThukela. SiwuMkhandlu sizozama ngayo yonke indlela yokumelana nesimo” Umnyango wezamanzi kanye nokulungiswa kwawo (Water & Technical Department)

uyaqhubeka nokugcwalisa amanzi emathangini lawo abonakala ephansi kanye nokuwahlanza. Umkhandlu uphinde wazisa indawo efana ne-Observation Hill ukuthi amanzi azogcwaliswa amahora amane lokho okwenza ukuthi awathole ngezikhathi ezithile. Kuphindwe kwabalwa i-Hyde Park Umkhamba Gardens, Modelkloof, St. Chads, Steadville kanye nezinye ukuthi yizona ezizothinteka ngamanzi. Ngakho umphakathi uyacelwa ukuthi usebenzise amanzi ngendlela efanele, uzophindwe waziswe uma isimo sesihamba kahle. Kuyacelwa ukuthi kuyekwe ukuchelwa kwezingadi, ukugeza izimoto ngepayipi, kungagcwaliswa amadamu (pools) kanye nokunye. Kuyacekela ukuthi uphinde ubike ukuvuza kwamapayipi kulenombolo 0860104257. Kwaziswa ukuthi ozophula umthetho wesigaba 57 wezamanzi angazithola ehlawuliswa inani lika R2000.00.

Kuyingozi ukudayiswa kokudla esekonakela ezitolo

Thabile Nxumalo

Engabe ubuwazi nje ukuthi ezinye izitolo zike zidayise ukudla osekona? Wonke umuntu uyazi ukuthi ukudla osekubolile kunobungozi. I-Food infection kanye ne-Food poisoning ezinye zezifo ongacina uzithola. Izimpawu zalezizifo ukushisa kakhulu (fever), ukunenketha kwekhanda, ukuphalaza kanye nokukhishwa isisu. Udokotela Nwabisa Mehlo makulu oyi-Microbiologist/ Biotechnologist ebhekana kakhulu noKudla kanye namaWayini uthi, “Ayikho indlela umthengi angabona ngayo ukuthi ukudla kulungelwe ukudliwa noma sekubolile ngokukubuka nje qha. Uqhube wathi, yingakho kubalulekile ukuba umthengi akugweme ukuthenga ukudla okungabaliwe ukuthi kubola nini (expiry date). Ngokwemigomo yeSigaba 60 soMthetho wokuvikelwa kwabathengi ENingizimu Afrika ithi, kunesibopho esisemthethweni ukuqinisekisa ukuthi noma yimuphi umkhqizo odayiswayo usezingeni eligculisayo nokuthi kuqinisekise ukuthi abathengi angeke babe sengozini ekudleni lowomkhqizo.

Ukugcizelisile uDkt. Mehlo makulu ukubaluleka kokuveza usuku lokubola Kokudla ngabakhiqizi, “Kubalulekile ukukhombisa ukuba ukudla kubola nini, ngoba usuku olubhaliwe lukhombisa umthengi ukuphakama kwezinga lokudla, umthengi uyaye abe nesiqiniseko sokuthi makudlula lolusuku ukudla kobe sekungalungele ukudliwa”, UNwabisa uyachaza. Usuku lokubola kokudla luvezwa abakhiqizi bokudla abakufundele ukwazi ukuthi ukudla kuzohlala isikhathi esingakanani ngaphambi kokuthi konakale, nokuthi uma ukuvula kufanele kuhlale endaweni ebandayo njengase-frijini noma esekushiseni kwasendlini (room temperature). UThabiso obezithengela kwesinye sezitolo lapha eMnambithi e-Oval Mall uthi, “Ngike ngibenakho ukungathembi ukudla ezitolo mangikuthenga, ngike ngikucwaninge kahle ikakhulukazi okubhakiwe, angithembi kahle.” Ukunganuki noma ukungavezi izimpawu zokonakala kokudla akusho ukuthi kulungelwe ukudliwa uma usuku lakho lokubola seludlulile nje sekubolile.

UTHUKELA
UMKHANDLU WESIFUNDA
DISTRIKSMUNISIPALITEIT
DISTRICT MUNICIPALITY

ISIXWAYISO SAMANZI

Njengoba sibhekene nesimo sesomiso ngenxa yokungatholi imvula eyanele endaweni yakithi eMnambithi, izinga lamanzi lehle kakhulu emadanyini ethu. Ngalokho umkhandlu wasoThukela uhlele ukuqamula ukuphakelwa kwamanzi ezindaweni ezilandelayo; edolobheni laseMnambithi, e-Observation Hill, eMkhamba Gardens, eModel Kloof, eLimit Hill, eDanskraal endaweni yezimbongi kanye nezingxenye ezithize endaweni yaseSt Chads naseSteadville. Ukunqanyulwa kwamanzi kuzohamba kanje; kusuka ngehora le-20h00 ebusuku kuya kwihora le-04h00 ekuseni nangehora le-08h00 ekuseni kuya kwihora le-16h00 ntambama (kungenzeka izikhathi zishintshe). Amaloli athwala amanzi azothunyelwa ezindaweni ezizothintekayo. Sixolise ngokuphazamiseka kohlelo lokuphakelwa kwamanzi.

SN Kunene
UMENENJA WOMKHANDLU